UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

ISIZULU ULIMI LOKUQALA
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lesithathu

Possible Answers March 2006

## 1. UHLAKA LOKUMAKA INDABA

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1..1 .Isakhiwo [10] | | | |
| (1) Isingeniso [1] | 1 | 1 | 0 |
| (11) Umzimba [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| (111 Isiphetho [1] | 1 | 1 | 0 |
| (1v)Ukuthelelana kwezigaba [4] | 3 - 4 | 2 - 3 | 0 - 1 |
| 1.2 Okuqukethwe [15] | 11 - 15 | 6 - 10 | 2-5 |
| 1.3 Ulimi [10] | 8-10 | 5-7 | 2-4 |
| 1.4 Isitayela [5] | 5 | 3-4 | 1-2 |
| ISAMBA | [40] | [27] | [13] |

[40]

## ISIGABA B
UMBUZO 2

## 2.1 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YOBUNGANE / YOBUHLOBO

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. .Isakhiwo [9] | | | |
| (i) Ikheli [4] | 4 | 3 | 1 |
| (ii) Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Inani [2] Lamagama [3] | 3 | 2 | 1 |
| (iv) Izigaba [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. Okuqukethwe [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. Ulimi [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [14] | [6] |

[20]

**2.2 UHLAKA LOKUMAKA INCWADI YAKOMKHULU / YASEMTHETHWENI**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. Isakhiwo [10] | | | |
| (i) Ikheli Lokuqala [2] | 2 | 2 | 0 |
| (ii) Ikheli Lesibili [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iii) Isivaleliso [2] | 2 | 2 | 0 |
| (iv) Izigaba [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. Okuqukethwe [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. Ulimi [4] | 4 | 3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [16] | [4] |

**[20]**

**UMBUZO 3**

**3.1 UHLAKA LOKUMAKA IMEMORANDAMU**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Ivela ku... [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Iya ku... [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Usuku [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Isihloko Sememorandamu [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Inani Lamagama [4] | 1 | 1 | 0 |
| 2. OKUQUKETHWE [6] | 5-6 | 3-4 | 1-2 |
| 3. ULIMI [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [15] | [5] |

**[20]**

3.2 **UHLAKA LOKUMAKA AMAMINITHI OMHLANGANO**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [10] | | | |
| (i) Igama Lenhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (ii) Uhlobo Lomhlangano [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iii) Usuku, isikhathi, Indawo [1] | 1 | 1 | 0 |
| (iv) Ukuvula [1] | 1 | 1 | 0 |
| (v) Ababekhona/Abaxolisile [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vi) Izihlokwana Ezidingidiwe [1] | 1 | 1 | 0 |
| (vii) Eziphonselwe [1] | 1 | 1 | 0 |
| (viii) Inani lamagama [4] | 4 | 3 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE [4] | 4 | 3 | 1 |
| 3. ULIMI [5] | 5 | 3 | 2 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [16] | [4] |

**[20]**

**4.1 UHLAKA LOKUMAKA UHLELO LOKUZAZISA (CV)**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [7] | | | |
| Inani Lamagama [7] | 6-7 | 3-5 | 1-2 |
| 2. OKUQUKETHWE [8] | 6-8 | 4-5 | 1-3 |
| 3. ULIMI [5] | 4-5 | 2-3 | 1 |
| ISAMBA SAMAMAKI | | [13] | [7] |

**[20]**

**4.2 UHLAKA LOKUMAKA ISIHLANZAMAGAMA (IFEKISI)**

| Inkomba Yokufeziwe | Kuhle kakhulu | Kuhle | Kusezingeni eliphansi |
|---|---|---|---|
| 1. ISAKHIWO [3] | 3 | 2 | 1 |
| 2. OKUQUKETHWE [5] | 5 | 3 | 2 |
| 3. ULIMI [2] | 2 | 1 | 0 |
| | | [6] | [3] |

**[10]**
**[50]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 5

5.1.1 Yinsumansumane / inganekozilwane. Yingoba inabalingiswa abayizilwane, ziyakhuluma futhi zenzisa okwabantu. (3)

5.1.2 Uheshane washiya izembe lakhe, wacela isikhukhukazi ukuthi simbhekele lona. Isikhukhukazi sahamba sayotheza sasebenzisa izembe likaheshane ukugawula. Sathi uma sibuya ukuyotheza saphumula endleleni. Yilapho elalahleka khona izembe. Wathi uma efika uheshane ebuza izembe lakhe wathola ukuthi isikhukhukazi sililahlile. Lokho kwamthukuthelisa uheshane kwaze kwadaleka ubutha phakathi kwakhe nesikhukhukazi. (5)

5.1.3 Wathi kusukela lelo langa uzodla amachwane esikhukhukazi. (2)

5.1.4 Zisafuna lona phela izembe likaheshane. (2)

5.1.5 Yinyoni edla amatshwele, inombala ocishe ufane nowejuba. (2)

5.1.6 Yindawo lapho kulahlelwa khona izibi / lapho kuchithwa khona umlotha. (1)
**[15]**

5.1.7 Impisi nethambo. (2)

5.1.8 Yaphuma yayozingela kodwa laze lashona ingabambanga lutho. (2)

5.1.9 Yathatha ithambo elidala lenyamazane ukuze ilale iqhobile. (2)

5.1.10 Yabona umfanekiso wenyanga emanzini yacabanga ukuthi yisigaxa senyama (2)

5.1.11 Aba nodaka, abamnyama noma awacwebanga. (2)

5.1.12 ukubuya ungaphethe lutho. (2)

5.1.13 Ungalahli lokho onakho ngoba uthembe ukuthi kukhona okungcono ozokuthola (kuzobhekwa neminye imibono engavela) (2)

5.1.14 Umdlalo kamagxavula. (1)
**[15]**

**[30]**

5.2 (i) **ISAKHIWO**: Siphawula ukuthi iqala ngokuthi "Kwesukela" esingenisweni sithola isimo esinokuthula. Inkosikazi lena yabe ilikholwa futhi iwazi kahle nomyalelo wosuku lweSabatha. UNkulunkulu anqume ukuthi ayijezise le nkosikazi ngokwephula umthetho wesine emithethweni eyishumi. Ayithathe nomnyaba wayo wezinkuni kanye nomntwana emhlane ayoyithi phahla enyangeni inamathele khona. Iphela ngokuthi "Cosu Cosu iyaphela" (10)

(ii) **ABALINGISWA**: Sithola abalingiswa abangabantu uMvelingqangi, inkosikazi, kanye nengane, kodwa abanye abagaguliwe ngamagama. Yize begqamile nje, baziphathisa okwabantu abajwayelekile. Inkosikazi ifuna ukuphekela umntwana idokwe ibelethe umntwana iyahamba iyotheza izinkuni ehlathini. UMvelingqangi yena wenza izinto ezingeke zenziwe ngabantu abaphilayo. Uthatha inkosikazi uyinamathisela enyangeni. (8)

(iii) **ISIFUNDO**: Sithola isifundo esithi umuntu owedelelayo uyajeziswa, le nkosikazi yedelela umyalelo wesine othi "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele ungasebenzi ngalo." Le nkosikazi yabeletha umntwana emhlane, yaqonda ehlathini yayotheza izinkuni. UNkulunkulu wanquma ukuthi nakanjani kumele ayijezise nempela wayithatha wayoyinamathisela enyangeni. (12)
**[30]**

**NOMA**

**UMBUZO 6**

6.1.1 NguMaZungu noNgema. (2)

6.1.2 Wayethuswa ukuthi akazi ukuthi uyise uzothini mayelana nendaba yakhe yokulobola lena aqeda ukuyitshela unina. (2)

6.1.3 Unamalini ebhange. (2)

6.1.4 Ngowokuthi ngubani lona afuna ukumlobola. Yingoba oGumede lapho azothatha khona bayaziwa ukuthi bangamabhinca futhi uNgema akabathandi. (3)

6.1.5 Buyel' ekhaya. (1)

6.1.6 ENqoleni. (1)

6.1.7 NguNomagoli Gumede. (2)

6.1.8 Yingoba isonto lalimenqabela ukuthatha umuntu amthandayo. (2)
**[15]**

6.1.9 Kumejwayeze omadakeyana abezenza izinkinselana novukuvale. (2)

6.1.10 (a) Bathuliswe umona, uyabagedleza ngaphakathi. (1)
(b) Abathandi ukutusa. (1)
(c) Bafuna kutuswe bona kuphela. (1)

6.1.11 Kuthiwa uma enomqondo, enamandla okusebenza nje kulungile. (2)

6.1.12 NguShaka babemhlekisa ngobubi babo. (2)

6.1.13 Ukuba namanga. (2)

6.1.14 Ukusebenza ngokwelekelelana. (1)

6.1.15 Isuke ifuna ukuzwelwa, isheshe ithole umusa. (2)

6.1.16 Eyibhimbi. (1)
**[15]**

6.2.1 **ISIGAMEKO ESISODWA**:

Abafundi mabaxoxe kabanzana ngalesi sigameko sokushiswa kukaXolani ngoba kuthiwa uyimpimpi. (10)

6.2.2 **UKUQOQANA**:

Esingenisweni sethulelwe abalingiswa abasemqoka nenkinga ababhekene nayo (Abafundi mabaveze abalingiswa labo kanye nenkinga yabo) (5)

6.2.3 **ISIKHATHI NENDAWO**

Le ndaba yenzeka endaweni eyodwa ngosuku olulodwa (abafundi mabaxoxe kabanzi) (5)

6.2.4 **ABALINGISWA**:

Ababaningi kuvezwe laba ababalulekile kuphela (Kulindeleke ukuba abafundi babaveze) (5)

6.2.5 **ISIPHETHO**:

Siyingwijikhwebu (asilindelekanga) abafundi abenabe ngesiphetho esingalindelekanga.

Siyingwijikhwebu (asilindelekanga). Lapha besingalindele ukuthi kanti uKhumbulani nguye oshutheke isiqophamazwi esikhwameni sikaXolani. Simangazwa nawukuthi kanti ubekwenza lokho ngoba ethunywe nguMphemba. Kuyavela nokuthi empeleni umuntu oyimpimpi nguye uKhumbulani. UXolani ubulawela ukuthi le nhlangano ingabi yingozi koMphemba noKhumbulani. (5)

**[30]**

**[30]**

**120**